Masingana 2017

**TWR Women of Hope/Project Hannah**
Ministry of TWR

**Mngani othandekayo**

Sisangena kwiminyaka ewu 20 sikhuleka ndawonye, ngifuna ukuqala ngokukubonga ngokuthembeka kwakho ekuzinikeleni emkhulekweni, kulesisikhathi seminyaka ewu 20, uNkulunkulu usiphe amandla ukushumayela kwabesifazane emhlabeni wonke. Namanje, kufanele sibheke kuJesu sikholwe ukuthi usazokwenza izimangaliso nakulezinsuku eziwu 365, kulonyaka ka2017.

Ngikholwa ukuthi ngamandla kaNkulunkulu esebenza kithi, uNkulunkulu angenza ngaphezu kwalokhu esikucelayo nesikucabangayo (Efesu 3:20).

Luyangithokozisa loluhambo nawe sisahlanganyela nabesifazane emhlabeni wonke abalimele sibanika ithemba nokuphiliswa okukuJesu! Kulencwadi uzobona izinto eziningi eziwushintsho-igama lethu elisha! Yebo, sisizwa uNkulunkulu kanye nabaholi bakaTWR, uProject Hannah uzoshintsha kulonyaka ube: **TWR Women of Hope/Project Hannah.**

Leligama lethu elisha: **TWR Women of Hope**, liyisibusiso ngezizathu eziningi:

Linikeza izinhlelo zomsakazo wethu emhlabeni wonke, Abesifazane Abanethemba, sigubhe ngezilimi ezingu 70 ngabesifazane nabesilisa esifinyelela kubo ngoJesu.

Futhi sihambisana noTWR, umsakazo onamandla, lapho sifinyelela kwabesifazane emhlabeni wonke nakwizizukulwane.

Kuba ukuxhumana ukuthi yini indaba sikhuleka, izinhlelo zomsakazo, ukuqwashisa, ukwakha abaholi nokunikela-ngakho abesifazane yonke indawo bangaba **abesifazane abanethemba**!

Sisaqala lonyaka, asiqhubeke siphakamise iNkosi uJesu sisakhulekela abesifazane abasemajele. Ngenkathi ngivakashele ijele labesifazane eParaguay, ngabona owesifazane amehlo akhe ayebonakalisa uthando lukaJesu. Kodwa ngisaxoxa indaba yami, saxhumana ebuhlungwini bakhe, futhi kwaba ubufakazi ukuthi wayedinga umkhuleko ukuze aqhubeke abekezele ohambweni lwakhe neNkosi. Ngicela sikhuleke ukuba odadewethu abasemajele bakhuthazele ukuthemba uJesu nsuku zonke futhi bazi ukuthi asibakhohliwe.

Udumo alube kuNkulunkulu sisahlanganyela kulenyanga emkhulekweni.

Kuye izinhliziyo zethu ziyathokoza,

Peggy Banks
Umqondisi Jikelele
TWR Women of Hope/Project Hannah